**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LOMGWAQO U-D1273 EMSINGA MHLAKA 14 JUNE 2008.**

**Ngiyanibingelela nonke.**

- Siyazi sonke ukuthi ezinyangeni ezinhlanu ezedlule besilapha eMsinga sizophendula isoyi lokwakhiwa komgwaqo uMain Road 32. Ngalelo langa amalungu omphakathi azwakalisa ukukhathazeka ngesimo somgwaqo uD 1273, ngase ngithembisa ukuthi sizowubheka lo mgwaqo ukuthi singawulungisa kanjani.

- Ngempela akusadingeki ukuthi ngibale ukuthi sesize kangaki kule ndawo yaseMsinga. Okusempeleni uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ubeke imali ebalelwa ku-R120 million ngonyaka wezimali ka-2008/09 ukuba ibhekane nezinselelo zokulethwa kwezidingo esiFundeni saseMzinyathi.

- Sifake imali emisebenzini yokugcina imigwaqo isesimweni, ukwakhiwa kwengqalasizinda entsha nokulwa nobubha nokufukula imiphakathi. Imisebenzi esiyenzayo ihlanganisa iDicky Bridge, iSphongweni Road, uNxamalala Road, uNyonini Road, iZingulubeni Road, iMbalane Bridge, iMatimatolo Road, iNhlesi Road, P32, iZonyama Road neKwaLeje Pedestrian Bridge.

- Kuyajabulisa ukuthi nanamhlanje kusaqopheka umlando ezimpilweni zabantu baseMsinga, njengoba sihlaba isoyi njengophawu lokuqala komsebenzi wokufakwa kwetiyela emgwaqeni uD1273 ozokuba ngu-18km ngesamba sika-R53 million.

- Isigaba sokuqala esingu-10km sizokudla u-R29 million kanti sizophela ngoJune ka-2009. Esesibili esingu-8km sizokudla u-R24 million kanti sona sizophela ngoJanuary ka-2010.

- Lo mgwaqo usetshenziswa umphakathi omningi onezikole nezikhungo zezempilo. Njengamanje kunzima ukufinyelela ezikhungweni zosizo ngokusebenzisa imoto ngenxa yesimo somgwaqo. Ibalelwa ku-4000 imindeni nabantu abangu-20 000 abasebenzisa lo mgwaqo. Ayikho enye indlela umphakathi ongayisebenzisa ukuze ufinyelele emadolobheni eGreytown nasePomeroy lapho kutholakala khona izidingo.

- Kodwa ngithanda ukugcizelela ukuthi uma siletha le misebenzi siyilethela abantu ngaphandle kokubheka ukuthi ngabaliphi iqembu lezepolititki. Umgomo wethu uthi uma sekwakhiwa kumele kuhlomule umphakathi wendawo ngamathuba emisebenzi nezomnotho.

- Bonke osonkontileka kumele bathenge izimpahla zokwakha kosomabhizinisi bendawo futhi baqashe abantu bendawo kulawo makhono akhona endaweni. Ilinganiselwa ku-3 500 imisebenzi yosuku ezotholakala ngesikhathi sokwakha lo mgwaqo.

- Ngiyaninxusa-ke ukuthi nisebenzise izinhlaka zethu esizibekile njengoMnyango kuyo yonke imiphakathi njengama-RRTF nama-CRSC nezinye. Ngiyaninxusa ukuthi nihlukane nokuvumela osopolititki ukuthi banisebenzise ukuze bazizuzele kwezepolitiki. Kodwa njengoMnyango sesinqume ukuthi umuntu onesikhundla ngokwepolitiki ngeke angene ezinhlakeni zethu.

- Sengiphetha, ngithanda ukugcizelela ukuthi njengoMnyango wezokuThutha sithweswe ngumthethosisekelo ukuba siqinisekise ukuthi abantu bakithi bathola uhlelo lwezokuthutha oluphephile noluthembekile esifundazweni.

- Uma usuphelile lo mgwaqo uzokuba nezindawo eziningi ezinomgomo wejubane ongu-60km/h bese kuba nezinto zokwehlisa ijubane libe ngu-40km/h kwezinye izindawo ezehlelayo nezingamajika.

- Ngigcizelela ukuphepha emgwaqeni ngoba sekucacile ukuthi akusizi ukuthi sakhe imigwaqo ezobulala abantu bakithi. Kumele siqinise imikhankaso yokuqwashisa ngokuphepha emgwaqeni noma kuphi lapho sihamba khona, sicacise ukuthi sakha imigwaqo yokuthuthukisa abantu, hhayi ukubabulala.

- Okokugcina, mangihalalisele umphakathi waseMzinyathi ngentuthuko yemigwaqo namabhuloho asebakhelwe wona nabasazokwakhelwa wona. Kuyacaca ukuthi ngempela ukusebenza kwethu kugxile ekubhekeleni izimpilo zabantu bakithi.

**Ngiyabonga.**